The Sunflower Fund
Partnered by DKMS

SISIZE SIHLENGE IZIMPILO!

Njalo emizuzwaneni engu-27 kuba nomuntu otholwa enesifo esithile segazi njenge-leukaemia, i-aplastic anaemia nesifo sama-cell egazi. Ngokuvamile, ukufakelwa ama-stem cell egazi abuya kumuntu onegazi elimeshayo Kuba ilona kuphela ithemba abanalo lokululama.

BHALISA NAMUHLA UKUNIKELA NGE-STEM CELL YEGAZI

- Ingabe uphakathi kweminyaka engu-18 no-55 ubudala?
- Ingabe isisindo sakho singaphezu ku-50kg kanye ne-BMI <40?
- Ingabe uzimisele ukusiza NOMA YISIPHI isiguli?
- Ingabe uphila impilo ehlanzekile?
- Bhalisa ohlwini lweSunflower lwe-stem cell

0800 12 10 82 | www.sunflowerfund.org

MAYELANA NATHI

Lolu hambo saluqala ngo-1999 sigqugquzelwa yimpi eyal-wiwa izinsizwa ezimbili ezinesibindi ezingamaqhawe alwa ne-leukaemia, uDarren Serebro (1997) noChris Corlett (2000). Isibindi nokuzimisela kwalezi nsizwa ukuxoxa nangezikhathi ezazibucayi kakhulu zokuphila kwabo okwakukufushane kwa-bangela umphakathi ufune ukusiza, okwaholela ekusungulweni kwenhlangano ezothungatha abantu abanganikela eNingizimu Afrika.

Umdwebo obizwa ngokuthi 'Sunflower of Hope', owad-wetshwa uChris Corlett owayeneminyaka engu-17 ubudala ngesikhathi elashelwa i-lymphoblastic leukaemia, yiwo owaba nomthelela omkhulu egameni elithi Sunflower Fund.

Namuhla, iSunflower Fund ibambisene neDKMS iyinhlangano engenzi nzuzo ezinikele ekulweni nomdlavuza wegazi nezinye izifo zegazi. Sibhalisa abantu abafuna ukunikela ngama-stem cell egazi ukuze iziguli ezidinga ama-stem cell zithole ithuba lesibili lokuphila.

YIBA NGUMNIKELI

Iminikelo yama-stem cell egazi ilekelela ekwelapheni iziguli ezinomdlavuza wegazi noma izifo zegazi ngokufaka ama-cell Iminikelo yama-stem cell egazi ilekelela ekwelapheni iziguli ezinomdlavuza wegazi noma izifo zegazi ngokufaka ama-cell aphilile enza igazi esikhundleni salawo agulayo.

Ungeza uzozibhalisa wena mathupha noma uze emihlangan-weni yethu eminingi yokuthungatha abanikeli ehlelwa yiSun-flower Fund ezweni lonke, noma ungabhalisa nge-inthanethi e-**sunflowerfund.org**.

UKUBHALISA NGE-INTHANETHI

- Bhalisa e-sunflowerfund.org
- Sizokuthumelela i-swab kit
- Hlikihla ngayo izihlathi
- Sibuyisele yona uyithumele ngabathuthi bethu
- Izothunyelwa elabhorethri iyohlolelwa i-HLA
- Ungumsindisi wempilo – Olindile!

UMHLANGANO WOKUTHUNGATHA

- Bhalisa mathupha
- Hlikihla ngayo izihlathi
- Izothunyelwa elabhorethri iyohlolelwa i-HLA
- Ungumsindisi wempilo – Olindile!

UKUPHEPHA PHAKATHI KOMNIKELI NEZIGULI KUSEQHULWINI KITHINA.

Ngeshwa asinakukubhalisa uma uphendula ngoyebo emibuzweni elandelayo:

- Wake watholwa une-Hepatitis B, Hepatitis C, noma i-HIV?
- Ingabe usengcupheni yokuthola noma yisiphi isifo ethathelwana ngocansi?
- Ingabe wake wayithatha imithi ejovwayo owawungayinikiwe udokotela?
- Wake waphathwa, waguliswa noma watholwa unanoma yisiphi sezifo ezilandelayo:
  - Isifo samasosha omzimba noma isifo sikashukela
  - Ukulimala ubuchopho noma umgogodla
  - Isifo esingapheli sokuphefumula noma isifo senhliziyo
  - Umdlavuza
  - Ukufakelwa isitho somzimba kanye/noma ukumpontshelwa igazi

INQUBO YOKUNIKELA

Uma kutholakala ukuthi igazi lakho liyamesha nelesiguli, uzocelwa ukuba unikele ngama-stem cell akho egazi ukuze afakelwe esigulini.



Ukufakelwa kwama-stem cell egazi kuyindlela yokukhipha umnkantsha wamathambo (bone marrow) olimele kufakwe ama-stem cell egazi aphilile.

Kunemijovo ye-G-CSF oyojovwa ngayo ezinsukwini ezingu-4 ngaphambi kokuba unikele. Lokhu kuyokhuphula umkhiqizo wama-stem cell nokungena kwawo egazini lakho. I-G-CSF iyihomoni yokukhulisa ngokwemvelo esetshenziselwa ukwandisa inani lama-stem cell eligijima egazini.

Ubani okhokhela amathesti?

ISunflower Fund yiyo ekhokhela izindleko zokubhalisa futhi iyayamukela iminikelo eyenzelwa lama thesti. Lokhu kusisiza sikwazi ukusebenzisa izimali ekuthungatheni abanye abanikeli.

Kungani uhlanga lwakho lubalulekile?

Ukumesha kwesiguli nomnikeli kuncike ezinhlotsheni zezicubu zenyama (HLA), hhayi ezinhlotsheni zegazi futhi lezi zici eziwufuzo zivame kakhulu ohlangeni oluthile. Kubalulekile-ke ukuba abantu bazo zonke izinhlanga babhalisele ukuba abanikeli, ukuze zonke iziguli zibe nethuba lokuthola umnikeli ezimeshanayo naye ozohlenga ukuphila kwazo.

Ujoyinela umuntu othile ngokuthe ngqo?

Kubalulekile ukuba abanikeli ababhalisa ohlwini lweSunflow-er Fund lwabanikela ngama-stem cell bazi ukuthi kumele batholakalele noma ubani abamesha naye nokuthi abanakub-halisela ukunikelela umuntu othile oyedwa. Njengoba ziziningi kangaka iziguli ezikudingayo lokhu, asizinike zonke ithuba lokuthola umuntu ezimeshayo naye ozohlenga ukuphila kwazo.

EZINYE IZINDLELA ZOKUSIZA

- Gqugquzela abanye ukuba babhalise
- Khuluma nathi ngokunikela okuhleliwe
- Yiba yivolontiya
- Thumela elithi "sunflower" nge-SMS ku-40555 unikele ngo-R30
- Cela inkampani yakho ibambe iqhaza
- Yeseka imihlangano yethu yokukoleka iminikelo

Siza uphawule: Ngokomthetho, ukunikela ngama-stem cell egazi ukwenza ngokuzisukela kuwe futhi akukhokhelwa. Kodwa uzokhokhelwa izindleko ezizwakalayo ozozithwala uma kwenzeka kuba nesiguli omesha naso.